HILLCREST HIGH SCHOOL
UKUHLOLWA KUKANHLANGULANA 2014
ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
IBANGA LESHUMI NANYE (GRADE 11)
IPHEPHA LESITHATHU (PAPER 3)
*(MOTHER TONGUE)*

**ISIKHATHI: 2 Amahora** **Amamaki: 100**

## QAPHELA:

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.
- Musa ukuxova imibuzo.
- Phendula ngesiZulu esivumelekile.
- Bhala ngobunono usebenszise ubhalomagama olusemthethweni.
- Bhala ngobunono.

## ISIQEPHU A

INDABA

**1.1 Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-190 kuya emagameni angama-240.**

1.1 Impela ziyabonakala izimpawu zentuthuko ezimpilweni zabantu esikhathini sikaHulumeni wentando yeningi.
**Bhala indaba uvumelane noma uphikise lo mbono.**

(50)

**NOMA**

1.2 Ubuhle nobubi bokuthuthuka kobuchwepheshe ekwakhiweni nasekusebenziseni i-thekhnoloji.
**Bhala indaba eveze lobu buhle noma lobo bubi.**

(50)

**NOMA**

1.3 Ukushoda kwabantu abanamakhono kweloMzansi yikona kanye okulimaza isimo somnotho wezwe lakithi.
**Bhala indaba ngalesisihloko.**

(50)

**NOMA**

1.4 **Bhala indaba ezophetha ngamazwi athi:**
"......phela ahlanzela abangenamabhodwe mntanomuntu."

(50)

**NOMA**

1.5 Buka lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA ubhale ngaso indaba**. Yiphe isihloko indaba yakho.

(50)

## ISIQEPHU B

2. **Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

2.1 Sezize zabantathu izinsuku zilandelana iphephandaba lakho eliyigugu lingalethwa ekhaya lakho.

Bhala **incwadi** uyibhekise kuMhleli wephephandaba ubalise kuyena ngaloku futhi umcele akucwaningele ukuthi yingani lingalethwa iphepha lakho olithandayo. (30)

**NOMA**

2.2 UHulumeni wentando yeningi usekela izinkulungwane zabantu ngezinhlobonhlobo zemixhaso. Ngokombono wakho ingabe imixhaso isiyisisombululo soqobo yini ekuqedeni ububha eNingizimu Afrika?

Bhala **i-ripoti** uzwakalise umbono wakho. (30)

**NOMA**

2.3 Endaweni yangakini seziningana izikhathi imizi yabantu ihlaselwa Yizigebengu. Abantu besifazane babuye bephucwe izikhwama zabo, ziyethulwa kulayini izingubo zabo uma bezihlanzile njalonjalo.

Bhala **ingxoxo** phakathi kwakho nephoyisa. (30)

**NOMA**

2.4 Buka isithombe esilandelayo bese <u>ubhala ngaso</u> **ingxoxo**.
Yiphe isihloko ingxoxo yakho. (30)



## ISIQEPHU C

3. **Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 kuya kwangama-80.**

3.1 Kuzobe kunempelasonto ende ekupheleni kukaNhlaba. Uhlela ukumema umngani wakho ohlala eGoli ukuba akuvakashele.

Bhala **i-dayari** yakho uchaze ukuthi nizokwenzani nomngani wakho ngaleyo mpelasonto.

{20}

**NOMA**

3.2 ~~UNkk. Hlophe ungumphathi womtapo wolwazi esikoleni ofunda kuso.~~ Sekukaningana uhlangabezana nezingqinamba emtatsheni wolwazi, phakathi kwazo kubaleka ukuthola izincwadi ezinamakhasi angaphelele, kwenye inkathi amakhasi adabukile.

Bhala **i-imeyli** umbikele ngalesi simo futhi ucele kwenziwe utho ngale nkinga.

{20}

**NOMA**

3.3 Ungumholi wentsha yangakini. Ikhansela lendawo lifuna imibono yentsha ngengakwenza ngamaholide asebusika ukuze iqoqeke, ingabi luvanzi futhi iphinde ibe wusizo emphakathini ngalesi sikhathi.

Bhala **isaziso** wazise intsha ngalo mhlangano ozobe ubanjelwe ehholo lomphakathi maduzane nje, engakaqali amaholide.

{20}

**NOMA**

3.4 UnguKaputeni webhola likanobhutshuzwayo. Uthole isimemo somhlangano wabadlali bebhola sivela kuKaputeni webhola likanobhutshuzwayo laseKloof High School. Umhlangano uzoba sezinkundleni zemidlalo eKloof High School ngolwesi Thathu lomhlaka-23 kuNhlangulana 2014 libumbene elesibili ntambama.

Bhala **i-feksi** ufakazise ukuthi usitholile isimemo nanokuthi yonke imininingwane ekuyo yemukelekile.

{20}

~~**NOMA**~~